








## Ukukhangela Umoya Wentwasahlobo

## Silangazelela Ugqozi Lokubungaza Intwasahlobo

-  Mosa Mahlaba
-  Selina Masego Morulane
-  Xolisa Guzula
-  Xhosa / Zulu
-  Level 4

(imageless edition)





Ubusika obuqhaqhazelisa amazinyo babusele budlulile. Kwakusele kuza kungena iNtwasahlobo elalalini kaKhwezi. Kungekudala abahlali babesele belungiselela ukubhiyozela ixesha lokuthwasa konyaka, iNtwasahlobo. UKhwezi wayelulangazelela ngaphezulu kwezinye iintsuku olu suku lokubhiyozelwa kokuthwasa kwehlobo.

...

Umphakathi wakubo Nkanyezi wawusulindele ukungena kwentwasahlobo. Maduzane nje, izakhamuzi zase zilungiselela ukugubha umkhosi wokungena kwesikhathi sonyaka esisha, okwabe kuyintwasahlobo. UNkanyezi, njengomunye wesakhamuzi, naye wayewulangazelela lo mkhosi. Kwakuzoba wusuku oluhlukile kunazo zonke ezinye izinsuku.




Ngenye imini wathi uKhwezi ezihlelele nje, weva abantu abadala ababini bexoxa ngalo mbhiyozo. “Abantu balapha eNdlovu abasenawo umdla nomoya wokubhiozela ukuthwasa kwehlobo,” watsho omnye waba.

“Singakubhiozela njani ukuthwasa kwehlobo njengokuba abantu sele balibalayo ngalo mbhiyozo?” Wabuza omnye.

• • •


Ngelinye ilanga wathi uNkanyezi ezihlalele nje, wezwa abantu abadala ababili bexoxa ngalo mkhosi. “Abantu balapha esigodini saseNdlovini abasenalo isasasa lokugubha umkhosi wokwethwasa kwehlobo,” kuphawula omunye wabo. “Singawugubha kanjani umkhosi wokwethwasa kwehlobo, endaweni lapho abantu sebakohlwa nokuthi lugujwa kanjani lolu suku?” kubuza lo omunye.



Kwamkhathaza kakhulu ukuva le nto uKhwezi. “Liza kuphinde libe shushu njani ilanga xa singalivusi ebuthongweni basebusika?” wazibuza. Wahlala wacinga ixesha elide. “Kufuneka ndifumanise ukuba yintoni kanye kanye esingasayaziyo,” wathatha esi sigqibo. “Kufuneka ndihambe ndiyokufuna izinto ezingabuyisa umdla nomoya wokubhiyozela eli xesha lonyaka.”

• • •


Yamkhathaza uNkanyezi le nkulumo yabantu abadala. Khona manjalo wezwakala esezibuza, eziphendula. “Singasikhuthaza kanjani isizwe esesiphelelwe umdlandla wokugubha umkhosi wentwasahlobo?” Emva kokucanga ngalesi simo, wabe esethatha isinqumo, wathi, “Kufanele ngithole ukuthi ngabe salahleka kuphi njengesizwe. Kufanele ngiphume, ngiyothola loko okwasilahlekela thina sizwe saseNdlovini, ngibuye nesu lokubuyisa umdlandla nogqozi lokubungaza emphakathini wakithi.”



Abantu abadala bamsikelela kuhambo awayeza kuluthatha. Bamnika isingxobo awayeza kufaka kuso izinto awayeza kuzifumana eluhambeni. UKhwezi wayesoyika kodwa ekwakholelwa ekubeni uhambo lwakhe luza kuba yimpumelelo.

...


Abadala baseNdlovini bamnika zonke izibusiso uNkanyezi ngohambo ayezoluthatha. Bamnika nesikhwama ayezofaka kuso loko ayezokuthola kuwusizo. Wayenakho ukwesaba, kodwa futhi ekholelwa ukuthi uhambo lwakhe luzoba yimpumelelo.



UKhwezi wahamba imini yonke. Wayesenyuka aphinde ehle emimangweni. Wawela umlambo omkhulu wenyuka nasemaweni. Wahamba njalo edlula amathafa waze wayokufika phantsi kweentaba ezibomvu.

• • •

Nempela lwaqala uhambo lwakhe. Wahamba usuku lonke. Wayekhuphuka ehla imimango. Wayewela umfula omkhulu, ecaca eqa amadwala ayingozi. Wahamba njalo edlula amathafa waze wayofika ngaphansi kwezintaba ezibomvu.




Ngokuhlwa, uKhwezi wafika elalini eyayinezindlu ezipeyintwe ngeephatheni ezimibalabala awayengazange ayibone ngaphambili. Waxelela abantu abadala bakule lali ngohambo lwakhe nezicwangciso zakhe zokubuyisela ukubhiyozelwa kwentwasahlobo. Umama wesi sizwe afikele kuso wapha uKhwezi isipho. Wathi kuye, “Sikupha le peyinti ngothando olukhulu, yeyona eza kubuyisa umbala elalini yakho esele ikhangeleka imthuwasi ngebala.” UKhwezi wabulela kakhulu kubantu abadala waze wafaka ipeyinti esingxotyeni sakhe. Ekuseni ngemini elandelayo, waqhubeka nohambo lwakhe. Wayonwabe kakhulu sisipho sakhe sombala.

• • •

Kwathi kuhlwa, uNkanyezi wayefika kwesinye sezigodi esakhelene nesaseNdlovini. Imizi yakhona ihlotshiswe ngemibala angakaze ayibone ngaphambilini. Wacazela abadala bendawo ngohambo lwakhe. Omunye wabesifazane walesi sigodi wanika uNkanyezi isipho, wathi kuye, “Sikunika lo pende ngothando ukuze ubuyise ukukhanya nokubukeka emphakathini wakini.” UNkanyezi wathatha lesi siph, wabonga, wasifaka esikhwameni

sakhe. Ekuseni ngakusasa, waqhubeka nohambo lwakhe,  
enokujabula.






UKhwezi wahamba imini yonke ethubeleza phakathi kwemithi emikhulu yasehlathini. Kuthe xa kuqalisa ukuhlwa, apho wayengasaboni kakuhle weva isandi segubu elikhalayo. Waxhabashela apho lalikhala ngakhona igubu eziva elangazelela ukuxhentsa nangona iinyawo zakhe zazidiniwe nje.

...


Kwasa okungaliyo, waqhubeka nohambo lwakhe, ehamba ethubeleza phakathi kwamahlathi. Kwaqala ukuhlwa futhi, akabe esabona kahle ngenxa yobumnyama. Yize wayengasaboni kahle, izindlebe zakhe zona zayizwa yonke imisindo. Wezwa umsindo wokukhala kwezigubhu. “Kwamnandi loku engikuzwayo, mangiphakamise izinyawo.” Ngempela wahambela phezulu, eya ngalapho kukhala ngakhona izigubhu. Ubumnandi balo msindo babuletha umfutho ezinyaweni zakhe ezikhathele.



UKhwezi wabona sele efikile elalini yakwaBhubesi. Wafika abantu behleli berhangqe umlilo bebetha amagubu becula nokucula. Wayengazange awuve umculo omnandi ngolwa hlobo. Wafika wabachazela ngehambo yakhe abantu abadala bale lali. Wabaxelela ngohambo lwakhe olunjongo zikukubuyisa ukubhiyozelwa kwentwasahlobo kwilali yakokwabo. Abantu bakwaBhubesi bamcela ukuba alale ngobo busuku ukuze aphumle.

• • •


Wahamba wazibona esefikile esigodini saseBhubesini, lapho isizwe sakhona sasihleli sizungeze umlilo, sishaya iszigubhu, sricula. Wayengakaze ezwe umculo omnandi ngaleya ndlela. Nakhona wafike walwethula udaba lwakhe kubantu abadala bendawo. Wabatshela ngenhloso yohambo lwakhe efuna ukubuyisa ugqozi lokugubha imikhosi yendalo emphakathini wakubo.



Ekuseni inkosi yabiza uKhwezi. “Mntwan’am’ yatsho inkosi, “Nali igubu elingafaniyo namanye. Lidlala ingoma entsha ngalo lonke ixesha uqalisa ukulidlala.” UKhwezi wabulela kakhulu. Wathatha igubu walifaka esingxotyeni sakhe. Waqhubeka nohambo lwakhe esivuyela kakhulu isipho sakhe sokudlala iingoma ezinesingqisho eziza kwenza ukuba abantu bavakalelwe baxhentse.”

• • •

Ekuseni, induna yaseBhubesini yambiza uNkanyezi. Yabe seyithi kuye, “Mtanami, nasi isigubhu sekhethelo esikupha sona. Lesi sigubhu sikunika iculo elisha lapho usishaya.” UNkanyezi wabonga wanconcoza. Wasithatha wasifaka esikhwameni sakhe. Waqhubeka nohambo lwakhe ejabulele lesi sipho esikhipha umculo abantu badanse.




Ngosuku lwesithathu lohambo lwakhe wathi uKhwezi xa egqitha kumadlelo eenkomo ezityebileyo zale lali, waqala warhogola ivumba elithile. Yayilivumba lenyama. Wathi akuva eli vumba wavuza izinkcwe. Wahamba walandela umkhondo oya kwicala apho laliphuma ngakhona ivumba elimnandi de wayokufika. Wafika abantu belali bemile bejikeleze iimbiza ezazipheke unqweme. Esi sizwe sasidume kakhulu ngokupheka kwaye uKhwezi wayengazange akungcamle okunjalo ukuba mnandi ukutya ngaphambili. Emveni kokuba etyile, waqala wachazela abantu ngohambo lwakhe. Wabaxelela ngeenjongo zakhe zokubuyisela umbhiyozo wentwansahlobo kubantu belali yakhe.

• • •

Ngosuku lwesithathu lohambo lwakhe, iphunga elimnandi lenyama lwaconsisa amathe. Lamdonsa leli phunga laye lamfikisa la liphuma ngakhona. “Kuyabuswa lapha, abantu bemi eduze kogalaza bamabhodwe, inyama iyaphuphuma, iphunga lithi lunga mphimbo, uzogwinya.” Wayeqala ngqa uNkanyezi ukuzwa ukudla okumnandi ngale ndlela. Emva kokuba ephiwe naye ukudla wazanelisa, wabe esebatshela


abadala ngenhloso yohambo lwakhe. Wayefuna izindlela angabuyisa ngazo ugqozi lokugubha imikhosi kubantu bakubo.



Ngentseni elandelayo, iqela labapheki lamnika iziqholo zokutya ezazingaziwa mntu. “Ntwazana,” batsho abapheki, “Xa usebenzisa ezi ziqholo zokutya, abantu abaza kutya ukutya kwakho baza kwaneliseka nakanjani! Sikupha isipho esiza kukwenza ukuba upheke ukutya okunambithekayo.” UKhwezi wabulela waphaphatha, wathatha iziqholo wazifaka kwisingxobo sakhe. Wayesazi ukuba wayezifumene zonke izinto awayezidinga. Waziva esemandleni waza waqalisa uhambo lwakhe olubuyela elalini yakwaNdlovu.

...

Ngakusasa abapheki bendawo bamnika inhlanganisela yabo yezithako eziyimfihlo. Bamnika bethi kuye, “Uyabona ndodakazi, ngalezi zithako, bayodla basuthe, beneliseke kwelakini. Ngalesi siphoh, uyopheka ukudla okumnandi.” UNkanyezi wabonga wanconcoza, wathatha isipho sakhe, wasifaka esikhwameni sakhe. Manje kwase kumcacela ukuthi usenako konke ayekudinga. Wayesethole amandla nomfutho ukuphindela ekhaya, esizweni saseNdlovini.



Wathi xa efika ekhaya babe abahlali bemvuyela, bemjikeleza befuna ukuva konke ngohambo lwakhe. Waqala wababalisela ngayo yonke into ayibonileyo, ayivileyo nayityileyo. Emva koko wavula isingxobo sakhe wababonisa izinto awayeziphiwe. Abantu belali bavuya kakhulu baze bazamkela ezi zipho. Ububele nesisa sabanye abantu kunye nobugorha bukaKhwezi babuyisela umbala, umculo kunye nomxhentso kubantu belali. Le, yaba yindlela owabuyiswa ngayo umoya wokubhiyozela intwasahlobo kubantu belali yakwaNdlovu.

...

Wathi efika ekhaya, izakhamuzi zaqoqana, zamzungeza zifuna ukuzwa ngohambo lwakhe. Wabe esevula isikhwama sakhe, wabakhombisa izipho ayephiwe zona ngezinye izizwe. Umphakathi waseNdlovini wazijabulela zonke lezi zipho. Izipho ayephiwe zona ngezinye izizwe kanye nesibindi sakhe uNkanyezi, kwaletha inguquko esizweni saseNdlovini. Isizwe sabona ngamanye amehlo, sabuyelwa umdlandla, sacula sajabula. Ngaleyo ndlela ugqozi lokubungaza imikhosi lwabuya esigodini saseNdlovini.



# Storybooks South Africa

[global-asp.github.io/storybooks-southafrica](https://global-asp.github.io/storybooks-southafrica)

**Ukukhangela Umoya Wentwasahlobo**

**Silangazelela Ugqozi Lokubungaza Intwasahlobo**

Written by: Mosa Mahlaba

Illustrated by: Selina Masego Morulane

Translated by: Xolisa Guzula (xh), Zanele Zuma (zu)

This story originates from the African Storybook ([africanstorybook.org](https://africanstorybook.org)) and is brought to you by [Storybooks South Africa](https://global-asp.github.io/storybooks-southafrica) in an effort to provide children's stories in South Africa's many languages.



This work is licensed under a Creative Commons  
[Attribution 4.0 International License](https://creativecommons.org/licenses/by/4.0/).